(CIB pdf formfields Demoversion)

uJosefa ejele
uGenesisi 40

Dukuduku sekuboshwa izethenjwa ezinkulu zikaFaro: obhaka izinkwa nophethe bonke abapheki noweta basebukhosini. UFaro wanquma ukuthi baboshelwe kuleli jele eliphansi kwenduna yemilindankosi. Bazithela kuJosefa; ophethe wabethula kuye.

Sekuthi-ke ngobunye ubusuku yilowo nalowo wabo usehlelwa yiphupho. Kuyasa ngakusasa uJosefa uyabona ukuthi kukhona okungabaphethe kahle. “Naphukula-nje kwenzenjani?” Uyababuza.

“Sinephupho lapha esingazi ukuthi singalichazelwa ngubani. Singamtholaphi-nje ejele ongasisiza kulokho?”

“NguNkulunkulu kuphela owazi incazelo yamaphupho!” kuphendula uJosefa. Useqhubeka ke ethi: “Xoxani ngizwe. Lithini?”

Kwaqala induna yabapheki nabaphaki ngelayo: “Ngiphuphé ngibona umvini. Lo mvini-ke unamagatsha amathathu-nje kuphela. Ngiwubona uyahluma uze uyakhahlela, uyathela. Esandleni ngiphethe indebe okuhlale kuphuza ngayo uFaro. Sengisondela-ke nayo emvinini, ngikhamela kuyo izithelo zomvini, ngiyedlulisela kuFaro.”

Ulichaza kanje-ke uJosefa lelo: “Amagatsha amathathu lawo yizinsuku ezintathu. Osukwini lwesithathu kusukela namuhla uFaro uzokudedela ejele, akukhuphule esikhundleni obukade usiphethe. Indebe aphuza ngayo useyophinde futhi ayemukeliswe nguwe njengakuqala! Ungangikhohlwa ke, Mfowakithi, uma sekukulungele.

„Ngikhulumele lapho kuFaro ungincome ukuze angilande lapha. Ngiboshelwe amahhala. Ngagetshengwa ngakhishwa ngobuqili kwelakithi, kwelamaHebheru; nalapha eGibhithe angoné lutho njengoba sengigqunywe ejele nje!“

Nombhaki wezinkwa uthé uma ezwa ukuthi iphupho lalona omunye lichazwa kanjani, wayesethi: „Nelami licishe lifane nalo lelo: Ngiphupha ngithwele iziqabetho ezintathu ekhanda, ngizelakanyanisile; zigcwele amagandangane nezinkwa, ziqongile. Kwesokugcina phezulu yizinkwa zikaFaro. Qhamukiyane izinyoni, zaphangelana ngazo, azashiya lutho!“

Kulelo-ke wamnika incazelo ethi: „Iziqabetho ezintathu yizinsuku ezintathu. Ezinsukwini ezintathu ezizayo uFaro uzolisusa ikhanda lakho, liphanyekwe emthini, zifike izinyoni, zisine zizibethele!“

Kwaba njalo-ke: Ezinsukwini ezintathu ezilandelayo uFaro wayegubha umkhosi wosuku lwakhe lokuzalwa. Wamema zonke izikhulu neziphathi-mandla zakhe, kwabuswa. Usethumela ke ukuthi alethelwe lezi ziboshwa zakhe ezimbili ukuze azixolele, azidedele bebona nabazombungaza.

(CIB pdf formfields Demoversion)

Zalethwa-ke: owayekade ephethe abapheki nabaphaki kanye nowayengumbhaki wasebukhosini.

Yabuyiselwa esikhundleni sayo induna yabapheki noweta, kwaba yiyo futhi osekufanele yemukelise uFaro indebe yakhe yokuphuzwayo. Wayigweba intambo, yanqunqwa khona lapho lena enye eyayikade ingumbhaki wakhe. Yagcwaliseka incazelo kaJosefa.

Kwathi kungayilungela induna leyo, ayabe isamkhumbula uJosefa.

iviyo lezikhuthali
obanjiswaneni lokuhumusha nokubhala kabusha ibhaybheli ngesiZulu
- biblia zuluensis -